SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

## INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Omakayo kumele awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo amaphutha uma ekhona.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona, lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo evulelekile edinga izimpendulo ezinjengoYEBO/CHA noma ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki. Ngokufanayo nalezi ezinjengo-IQINISO/AKUSILO IQINISO noma IQINISO/UMBONO nazo azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

4. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma eyidwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

5. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho, kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.

6. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

7. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
   Isib:
   1.1.5 A/USizwe. (okuwuhlamvu oluphelele).

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



1.1 1.1.1 Umona ukukhombisa ukuba nomuzwa wenzondo ungafiseli omunye umuntu okuhle/ impumelelo.√ (1)

1.1.2 Ngezenzo ezimbi.√ (1)

1.1.3 UNomfundo.√/uNomfundo Moh.√ (1)

1.1.4 OKUBILI kwalokhu:
- Babhala imiyalezo emibi ngaye.√/
- Bagxeka izithombe.√/
- Bangena babheke ukuthi abanye abantu baphila kanjani.√/
- Bakopisha impilo yalowo muntu abamlandelayo ezinkundleni zokuxhumana. √ (2)

1.1.5 D√/Ukuthukuthela√ (1)

1.1.6 Umona uthinta wonke umuntu, yingakho kuthiwa umona usuka esweni.√ (1)

1.1.7 Yingoba zisuke zibona ukuthi ingane ezelwe izozephuca uthando lukanina, anake yona kunazo.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

1.1.8 (a) C√/Wabulawa abafowabo.√

(b) A√/Wabulawa abafundi.√

(c) B√/Wabulala umfowabo.√ (3)

1.1.9 OKUBILI kwalokhu:
Kubafundi udalwa ukubona abanye:
- Bephumelela ngamalengiso.√/
- Behlakaniphile√/
- Benamathalente amaningi.√/
- Abanye abafundi bebahle.√

Kothisha udalwa ukuthi:
- Abafuni ukubona omunye enenqubekelaphambili, ethola iziqu nezikhundla eziphezulu.√/ (2)

1.1.10 Ukunganaki.√√/Ukuziba.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

1.1.11 Ukugxila kokwakho okuhle kungenza ungakunaki okwabanye bese waneliswa yilokho onakho kuphela.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



1.1.12
- Izingane zingagcina sezibulawa indlala ngoba oyedwa umzali usuke eseshonile nomunye eseboshiwe/esejele. √√/
- Ezinye izingane zingagcina zibulala izithandwa zazo ngoba zabona abazali bazo bekwenza. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

1.1.13 Izimpendulo ziyokwehluka:
Isibonelo: Ukumema osolwazi bazokhuluma nabafundi ezikoleni babaxwayise ngomona nomphumela wawo. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

1.1.14 Izimpendulo ziyokwehluka:

**Abavumayo bangathi, yebo:**
Isibonelo: ngoba umona isifo esihambisana nemizwa, bakhona odokotela okungumsebenzi wabo ukwelapha abantu abanenkinga efana nalena ngokubanika izeluleko ezifanele. √√/

**Abaphikayo bangathi, cha:**
Isibonelo: ngoba umona umuzwa oveza inzondo esuka ngaphakathi kumuntu, ngakho-ke awukwazi ukulashwa ngodokotela.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

1.2 1.2.1 EsaseNingizimu Afrika.√ (1)

1.2.2 iSutherland.√ (1)

1.2.3 Yingoba kuyashisa ehlobo, ngakho badinga ukubhukuda olwandle oluseduze nedolobha laseThekwini (Durban). √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo abafundi) (2)

1.2.4 Abafundi bangaphendula kanje:

OKUKODWA kwalokhu:
- IDe Aar ngoba akushisi kakhulu/ngiyawesaba amakhaza. √√/
- IMbombela ngoba kuyashisa/ngiyakwesaba ukushisa. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo abafundi) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

**Amaphuzu esingawabheka**:

| | AMAPHUZU ACASHUNIWE | | AMAPHUZU AHUNYUSHIWE |
|---|---|---|---|
| 1. | Ukuphumula unyaka owodwa kukunika ithuba lokucwaninga kabanzi ngomkhakha ofisa ukuwuthatha emfundweni ephakeme. | 1. | Uba nesikhathi esanele sokubhekisisa ngomsebenzi ofuna ukuwufundela. |
| 2. | Ukufundela lokho okufunayo kungasiza ukuthi ungamoshi isikhathi nemali yokufunda futhi uqede ngesikhathi esifanele. | 2. | Ukufundela okufunayo kungakongela isikhathi nemali ukuze uqede ngesikhathi osibekelwe. |
| 3. | Ukuthatha unyaka owodwa wokuphumula kukunika amandla amasha azokusiza uma usuyoqala esikhungweni semfundo ephakeme. | 3. | Ukuphumula unyaka owodwa kukunika umfutho ozowudinga esikhungweni semfundo ephakeme. |
| 4. | Ngesikhathi usaphumule uthola isikhathi esanele sokuba nomndeni uphinde ube usizo ekhaya. | 4. | Umndeni ungasizakala ngezinto eziningi ongazenza ngesikhathi usahlabe ikhefu. |
| 5. | Ukuvakashela izindawo kukunika inkululeko yokuxhumana nabantu abaningi obungabazi. | 5. | Ungasebenzisa lesi sikhathi ukuzijabulisa ngokuvakashela amazwe ukuze uvuleke umqondo. |
| 6. | Lo nyaka ungakunika isikhathi sokuzilungiselela ukufunda izindlela zokuzimela uma usuhlala wedwa. | 6. | Ungafunda izinto ezibalulekile nezikukhulisayo ngaphambi kokuqala impilo entsha. |
| 7. | Kukhona amakhono ongawazuza ngesikhathi usathathe unyaka wokuphumula angakuvulela eminye iminyango engakulekelela emkhakheni ozowuthatha. | 7. | Ungazizuzela amanye amakhono angakusiza kulokhu ozokufundela esikhungweni semfundo ephakeme. |

**Ukumakwa kokufingqa**

Ukumaka kubhekela ukuba khona kwamaphuzu abalulekile nokuhlungwa kwalawo angabalulekile empendulweni.

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa Kwamamaki:**
  - Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki elilodwa).
  - Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle kolimi.
  - Isamba samamaki ayi-10.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:**
    - Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
    - Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2.
    - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.

- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Ecaphune Njengoba Kunjalo Esiqeshini:**
    - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Akaklonyeliswa lutho ngolimi.
    - Amaphuzu ama-4 kuya kwayi-5: Uklonyeliswa ngemaki eli-1 lolimi.
    - Amaphuzu ama-2 kuya kwa-3: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2 olimi.

**QAPHELA:**

- **Ukubalwa Kwamagama:**
    - Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
    - Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
    - Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqile, omakayo kumele afunde wonke umusho wokugcina ngaphezulu kwesibalo esibekiwe, awuqede, angabe esakunaka okunye okuza emva kwalowo musho.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



**ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBUZO 3**

**Indlela yokumaka ISIQEPHU C**

- **Ukupelwa kwamagama/Isipelingi**
  - Izimpendulo ezidinga igama elilodwa mazimakwe ngisho kunamaphutha esipelingi, ngaphandle uma iphutha lishintsha umqondo/incazelo yegama.
  - Uma impendulo ingumusho ogcwele, amaphutha esipelingi awanganikwa amamaki uma kuhlolwa ulimi.
  - Uma kuhlolwa isifinyezo, impendulo mayibe nophawu lokuloba olufanele.
- Ukwakhiwa kwemisho makulandele uhlelo lokusetshenziswa kolimi olufanele.
- Emibuzweni lapho kukhethwa khona izimpendulo, yamukela KOKUBILI uhlamvu oluhambisana nempendulo efanele NOMA impendulo efanele ebhalwe ngokugcwele.

3.1 Ziyisithupha.√/ Ziyi-6.√ (1)

3.2 OKUBILI kwalokhu:
- ujeqe√/
- ipapa√/
- ummbila√/
- chakalaka√/
- amasaladi√ (2)

3.3 Siyaxolisa asiyidayisi inyama yengulube.√√ (2)

3.4 B√/elokishini√ (1)

3.5 (a) amatafula√ (1)
(b) iMigqibelo√ (1)

3.6 OKUBILI kwalokhu:
- Kungavuleka amathuba emisebenzi emphakathini.√/
- Kwandisa izindawo zokuzijabulisa nezokwenza imicimbi.√/
- Kungasizakala abantu abangathandi ukupheka njalo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
**[10]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



## UMBUZO 4

4.1 Ejele√/eZuza Correctional Services.√ (1)

4.2 OKUKODWA kwalokhu:

- Uphethe ipotimende√/isudukesi√/i-suitcase.√/
- Kukhona omvalelisayo.√/
- Ukhishwe ngoshwele.√/
- Ufulathele isango lasejele. √ (1)

4.3 Lukhombisa ukuthi uyayizwa into eshiwoyo.√/Kulungile.√/uyavuma.√ (1)

4.4 A√/Ukudedelwa ejele ngoba uziphethe kahle.√ (1)

4.5 U**nga**√sivakashel**i**√ ngelinye ilanga. (2)

4.6 Ungavumeli abangani bakwenzise ubugebengu njengakuqala.√√/Ukhumbule ukuthi ukhishwe ngoshwele.√√ (2)

4.7 Izimpendulo ziyokwehluka:

OKUKODWA kwalokhu:

- Ngiyavumelana ngoba zikhona iziboshwa ezithi uma seziphumile zingabe zisawenza amacala.√√

**NOMA**

- Angivumelani ngoba zikhona iziboshwa eziphuma ejele ziphinde zenze ubugebengu.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
**[10]**

## UMBUZO 5

5.1 5.1.1 Amantombazane aseJozini a**zo**thola umsebenzi.√/Amantombazane a**yo**thola umsebenzi. √ (1)

5.1.2 -khanda√ (1)

5.1.3 Izitshalo√/amaveji.√ (1)

5.1.4 B√/Indlela esabizo√ (1)

5.1.5 (a) Indodakazi√ (1)

(b) bayizinkomazi√/ bayizimanzi√/ bayizithole√. (1)

5.1.6 Liyachaza√/liyachasisa√/liyabalula.√ (1)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



5.1.7 **Ka**khulu.√ (1)

5.1.8 OKUKODWA kwalokhu:

- Isitolo **sa**√vul**w**√a amantombazane/ngamantombazane./
- Isitolo **si**√vul**w**√a amantombazane/ngamantombazane. (2)

5.1.9 Ngqa√
Isibonelo: Umfundi waba ngowokuqala ngqa ukufika.√ (2)

5.1.10 (a) bathengisa√ (1)

(b) icebo√/iqhinga√ (1)

5.2 5.2.1 Lona √

Isabizwana soqobo.√ (2)

5.2.2 Hawu**!** √ Ngeke Mnu. **P**√arker angikufuni okufanayo. (2)

5.2.3 Akuvele incazelo yegama ithanga esho isitshalo.

Isibonelo: Umama upheka **ithanga** namhlanje.√√ (2)
**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**



SA EXAM PAPERS
Proudly South African